

INGEDE

September 2012, Vol. 15, No.3

Ukulungiswa komhlabathi ulungiselelwa ukutshala umoba



Inhloso

Kunezizathu ezimbili ezisemqoka ezenza umlimi alime insimu yakhe, okuyilezi:

- Ukubulala umoba osuke usumdala
- Kanye nokulungisa umhlabathi uwulungisela ukutshala

Lomsebenzi oshiwo ngenhla kumele wenziwe ngokuhlukana kusasele isikhathi eside umlimi atshale. Ngesikhathi kwenziwa lomsebenzi umlimi kumele aqinisekise ukuthi akukho ukuguguleka komhlabathi okungase kwenzeka uma kwenzeka kufika izimvula ngesikhathi umhlabathi ungakatsalwa.

Izizathu zokubulala komoba omdala

Kunezizathu ezintathu ezingenza umlimi abulale umoba wakhe omdala ensimini, okungaba yilezi:

- Isivuno ma sesehlile ensimini okungabangelwa wukuthi umoba wakho usungenwe yizifo, kanti umoba osuke usungenwe yizifo kudingeka ubu-



lawe wonke ngoba ungasala ukuthi izifo lezi zigcwalwe onke amasimu kuze kudlulele nakubalimi abangomakhelwano bakho.

- Umlimi uma efisa ukutshala uhlobo olusha lomoba olunesivuno esingcono kunohlobo asuke enalo ensimini yakhe.
- Kungaba izinambuzane zomoba sezibulale lonke isinde lomoba.

Izindlela zokubulala umoba omdala

Kunezindlela ezahlukeni zokubulala umoba omdala, okuyilezi ezilandelayo:

- Kungaba wukubulala umoba ngokuwulima ngegeja
- Kungaba wukushisa umoba omdala ngezibulala-khula
- Kungaba wukuwukhipha ngegeja ngezandla (lokhu angeke kwenzeka kahle uma indawo oyibulalayo kuyindawo enkulu kanti kungaba yizindleko ezinkulu kakhulu ngenxa yokusebenzisa abantu abazojika bathathe isikhathi eside ukuqeda umsebenzi.
- Okunye kungaba wukusebenzisa izibulala-khula kanye nokulima kanye kanye okuyindlela ethanda ukubangconywa kakhulu ngoba yona yenza kube nesiqinisekiso sokuthi umoba omdala ufile wonke. Inkinga yamavolontiya angeke ibekhona ngemva kokutshala umoba omusha.

Isikhathi esihle sokulungisa umhlabathi

- Ezindaweni ezinganiseliyo, kunezinyanga ezimbili nje vo la umlimi kumele alungise khona umhlabathi la ukulima kungaba nomphumela omuhle khona ukuthi umoba omdala ufe, lezozinyanga wu Nhlaba no Nhlanguvana.
- Amasimu asuke ezotshalwa kumele kube yiwo ahlahlwa kuqala uma kuvula umshini
- Ukulima kumele kuqale ngo Nhlaba bese ukudeswa komhlabathi kulandele ngemva kwa-

OKUQUKETHWE



Ukukala amasimu omoba: Izindlela ezahlukeni zokukala amasimu.



Okubalulekile ngomfutho wenkasa: Ukubaluleka komfutho uma kuninselwa/kuchelwa.



Imbewu: Ubuhle boku sebenzisa imbewu ehlanzekile nokuthi umlimi abenenkulisa mbewu.



masonto amathathu kuya kwamane ngesikhathi sezinyanga komisile okuwu Nhlanguvana, Ntulikazi, Ncwaba kanti kwesinye isikhathi kuze kungenelele naku Mandulo.

- Insimu le esuke izotshalwa kumele ingabi nalutho ngesikhathi sasebusika ngoba nesivuno somoba sisuke singekho ngaleso sikhathi lokhu sikwenzela ukuthi umlimi angalahlekelwa yisivuno.
- Ngesikhathi insimu yakho uyilimile isuke isenkingeni yokuthi umhlabathi wakho ungaguguleka noma yinini uma izulu lina, yingakho sithi lomsebenzi mawenziwe ebusika la amathuba emvula emancane kakhulu.
- Ukulima uma izulu lina akuvumelekile ngoba umoba lo esisuke sifuna ufe angeke ufe kanti



nomhlabathi usuke uzoguguleka kalula okungenani umlimi angasebenzisa izibulala-khula.

Izinto okungamele umlimi azenze uma ebulala umoba omdala

- Igeja akumele lingene phansi kakhulu
- Ungasebenzisi igeja lezindishi
- Ungazami ukubulala umoba omdala ehlobo

Isikhathi sokulungisa umhlabathi

Isikhathi esihle sokulungisa umhlabathi yilapho umlimi ezokwazi ukunqoba ukhula ngendlela efanele kanye nokuthi umhlabathi ulungiseke kahle (ungabi namagabadi).

- Kumele kuqale ngokushesha uma kutholakala izimvula zasentwasahlobo

- Uma bekusetshenziswe izibulala-khula ukubulala umoba omdala kumele kulindwe isikhathi esithile ngaphambi kokuba utshale.
- Ukulima akumele kuthathe isikhathi eside kanti uma kuqedwa nje ukulima kumele kudeswa ngokushesha bese kuyatshalwa ukuze umhlabathi ungaze wome
- Ukusetshenzwa komhlabathi owome kakhulu kumele kugwenywe ngoba kwenza insimu ibe namagabadi kanti kudla no dizili omningi, kanti uma umhlabathi umanzi kakhulu lokho kwenza umhlabathi ugqishelane ube namagabadi

Ukubaluleka komhlabathi owenziwe kahle

Uma umhlabathi wakho ungawulungisanga kahle ekuqaleni lokho kungaholela ekutheni umoba wakho owutshalayo usheshe uphele ensimini nesivuno sibe sincane.









Ukutshala umoba kabusha kuyabiza ngakho ke kusemqoka ukuthi yonke into umlimi asuke eyenza ayenze ngendlela efanele ukuze kube nesiqiniseko sokuthi okuzotholakala kuzokwazi ukuthi kubuyise izindleko kubuye kuzuzise umlimi isikhathi eside.



ngu Thulani Masondo (SASRI: Umeluleki Wezomoba)

UKUKALA AMASIMU OMOBA

ngu Ingrid Mthembu (SASRI: Ucwepheshe Wolwozi Zendawo)

INDLELA YOKUKALA INSIMU	IMIGOMO OKUMELE UYILANDELE	OKUHLE NGALENDELE YOKUKALA INSIMU	OKUNGEKUHLE NGALENDELE YOKUKALA INSIMU
<p>ISONDO ne TAPE</p> 	<ul style="list-style-type: none"> • Isondo ne-tape kukala ubude nobubanzi bensimu kuphela hhayi ubungako bensimu ngokwama-hektare. Kufanele usebenzise izibalo ezifana no Length x Width (Ubude x Ububanzi) ukubala ubungako bensimu emi njengonxande noma isikwele, okuwu $\frac{1}{2} \text{Base} \times \text{Height}$ (ingxenye yangaphansi x ubude) ukukala insimu emi njengonxantathu ukuze uthole ubungako bayo.   <ul style="list-style-type: none"> • Insimu ungayihlukanisa njengasesithombeni esingezansi ukuze ubale ubungako bensimu. 	<ul style="list-style-type: none"> • Kulula ukusebenzisa isondo ne-tape mangabe wazi ukuthi insimu yakho inesimo esikaleka kalula njengo nxande, isikwele noma unxanthathu, ongakwazi ukuthi wenze izibalo ezilula ukuthola ubungako bayo. • Kushibhile ukusebenzisa i-tape kanti awudingi chwepheshe ukuthi ukale insimu. • Isondo liyashesha kune-tape ekukalweni kwamacala ensimu, kanti nalo alidingi uchwepheshe ukuthi lisetshenziswe. Inqobo malisesimweni esilungele ukuthi lisetshenziswe. 	<ul style="list-style-type: none"> • Uma isimo sensimu yakho sinamacala angalingani njengalimasimu angezansi, kuba nzima ukukala ubungako bensimu.  <ul style="list-style-type: none"> • kungafanele uyihlukanise kaningi insimu yakho ukuze ukwazi ukubala ubungako bayo. 
<p>I GPS</p> 	<ul style="list-style-type: none"> • I-GPS ixhumana nama-satelites (izizungezi zasemkhathini). • Yenza izibalo ngokuphazima kweso ngesikhathi uyiphethe uhamba uzungeza insimu. • Mangabe uqeda ukuzungeza insimu uyiphethe isuke isikukalele ubungako bensimu yakho, • Kufanele ulinde imizuzwana ixhumane nama-satelites anele ukuthi ilungele ukukala • Ziningi izinhlobo zamaGPS ezidayiswayo kanti futhi zinobuciko obungafani. Amanye amaGPS ayeke adinge ukuthi uqhubeke nokucwaninga imiphumela ehhovisi. Konke loku kuxhomekeke enanini lawo esitolo. 	<ul style="list-style-type: none"> • iGPS ikwazi ukukala ubungako bensimu noma ngabe ime kanjani ngaphandle kokuthi usebenzise izibalo. • Ikhapha imiphumela esondelene kakhulu nobungako bangempela bensimu. 	<ul style="list-style-type: none"> • Akulula ukusebenzisa iGPS uma izulu linetha noma liguqubele ngoba ithatha isikhathi ukuxhumana namasatellite. Kungenzeka imiphumela kungabi yiyo. • Izindleko ze-GPS zithexaxa uma iqhathaniswa ne-tape noma isondo. • Idinga umuntu owuchwepheshe noma oyisebenzisa njalo.
<p>I MEPHU</p> 	<ul style="list-style-type: none"> • Imephu ikhiqizwa noma idwetshwa abasebenzisa iGIS (Geographic Information Systems). U-SASRI unalo ihhovisi le-GIS, kanti bakhona abanye abawakhiqizayo abafana noMnyango weZolimo kanye nabanye. 	<ul style="list-style-type: none"> • Imiphumela yobungako bensimu ekalwe ngeGIS isondelene kakhulu naleyo yeGPS. • Awenzi lutho ngaphandle kokuthi uyithenge lemephu ephuma nobungako bensimu yakho 	<ul style="list-style-type: none"> • Ubungako bensimu yakho awubutholi ngalesosikhathi ngoba kufanele ulinde ukuthi idwetshwe. • Kungabiza imali ukuthi idwetshwe. Kodwa uSASRI uyazama ukuthi asize abalimi abancane.

ISIPHETHO

Kubalulekile ukuthi umlimi azi ubungako bensimu yakhe ngokwama-hektare ukuze akwazi ukuthenga izidingo zensimi ezanele, isib. umanyolo, izibulala khula, imbewu. Lokhu kuyingoba insimu inezindleko eziphezulu kanti futhi umlimi uyakwazi ukuthi alinganise kahle isivuno esingaphuma ensimini yakhe. Kuhl ukuthi uxhumane nomeluleki wendawo yangakini ukuze uthole ulwazi nosizo ngokukalwa kwamasiimu.

Okubalulekile ngomfutho wenkasa



ngu Ashiel Jumman (SASRI: Unginyela Wezolimo)

Amasu Asemqoka

Qikelela ukuthi lemisebenzi elandelayo uyenza ngesikhathi okuyiso nangendlela okuyiyo esimobeni sakho ukuze uzuze ekugcineni.

<p>Uhlelo lwenkasa (lokuchelela/ukunisela) ludinga umfutho ukuze isebenze ngendlela. Lomfutho uyadingeka ukuhambisa amanzi ezindaweni ezenyukelayo nokuthi aphume ezifafazweni ngokusezingeni elifanele ukuze kucheleleke indawo ohlose ukuyichelela.</p> <p>Ngakhoke kubalulekile ukuthi uhlelo lwenkasa lusebenze ngomfutho okuyiwo.</p>	
<p>Uma inkasa yakhiwa kukhethwa uhlobo lwephampu oluhambisana nayo ukuze kube nomfutho owenele ngokubhekela ubude bepayipi, isimo sendawo nesibalo sezifafazo.</p> <p>Uma isetshenziswa ngokomklamo okuyiwo, amanzi azofafazeka ngokwenele endaweni okumele iwathole nangokulinganayo.</p>	
<p>Uzozisusa izifafazo kwindawo osuyichelelele usuchelela enye ngokomfutho owodwa, nokufafazeka kwamanzi ngokulinganayo uze uyiqede yonke insimu.</p>	
<p>Uma ufaka esinye isifafazo uyodinga iphampu enkulu ukuze wengeze umfutho oyodingeka ukuchelela indawo enkulu ngokomfutho ofanele.</p>	
<p>Kanti uma wengeza izifafazo kodwa ungayishintshi iphampu, umfutho uyoba mncane ukukhipha amanzi ezifafazweni ngokulinganayo ensimini njengoba kutshengisiwe esithombeni esiseceleni.</p> <p>Kubalulekileke ukuthi uma wenza ushintsho kwinkasa?? uxhumane nochwepheshe</p>	
<p>Okunye okubalulekile ngokunakekelwa kwezifafazo ukuqapha umfutho.</p> <p>Ngokwezempilo odokotela bayaye babheke ukuthi igazi linomfutho ongakanani ukuze babone ukuthi uphile kahle noma qha. Kanjalo nakwinkasa udinga ukubheka umfutho esebenza ngawo ukuze ungazitholi sewuchelele ngokweqile noma kushode amanzi esitshalweni.</p> <p>Lokhu kumele kwenziwe njalo makuchelelwa.</p>	
<p>Ngaphandle kwesibalo sezifafazo umfutho ungap hazanyiswa amanozolo angekho esimweni nokuvuza kwamapayipi lokhu kumele kubhekwe minyaka yonke kushintshwe uma kunesidingo.</p>	
<p>Njengoba ubonile kulendatshana ukuthi ukugcina umfutho usesimweni esikahle Kubaluleke kangakanani ekunakekelweni kwenkasa.</p> <p>Ngakhoke nakekela umfutho wenkasa yakho, ungashintshi lutho kwinkasa ngaphandle kokuthola uchwepheshe. Uma ulandele kahle leziyalelo uyosizakala ekongeni amanzi nesitshalo sakho sithole amanzi enele</p>	

Ngo-Mandulo (September)

- Lesi isikhathi esifanele noma okuyiso sokufaka Izibulala-khula ezinqanda ukhula isikhathi eside. Lezibulala-khula zigcina isimoba sakho singenakhula okungaze kufike la isimoba sakho simboza noma sihlanganisa khona ngaleyondlela kuncipha izindleko zokuhlakula. Khumbula ukusebenzisa izingubo ezikuvikelayo uma usebenzisa Izibulala-khula futhi ulahle izitsha zezibulala-khula esezisebenzile ngokuphephile.
- Qala ukufaka isikhuthaza emobeni wakho ohlahlwe ebusika ulandela izincomo zakwa-SASRI (FAS).
- Khumbula ukuthi sibulala ukhula kuqala ngaphambi kokuba sifake isikhuthaza ngoba uma sifaka umanyolo kuqala, ukhula luzodla umsoco wesithshalo sethu bese lukhuthazeka lubhebhethake ludlondlobale. Faka isikhuthaza ezinsukwini ezimbalwa uhlahlile uma sezikhona izimvula, asikho isidingo sokulinda uze uhlume umoba.
- Qala ukutshala kwakho kwase-Ntwasahlobo uma izimvula seziqalile.
- Loku kuqinisekisa ukuthi isitshalo sakho sikuthola konke ukufudumala nezimvula zasehlobo ngaleyondlela siyosimama kahle futhi sibe nomkhiqizo omuhle. Sebenzisa imbewu ehloliwe futhi qinisekisa ukuthi umoba omdala ufuthiwe ngophoyizeni wafa ukuze kungabi nama-volontiya.
- Qikelela ukubheka izifo. Ikakhulukazi isiwumba (Smut) ezindaweni eziniselayo.

Ngo-Mfumfu (October)

- Hlola amasimu abefakwe Izibulala-khula ngenyanga edlule ukubona ukuthi ukhula lufe kahle yini. Uma kunezindawana la lungafanga khona, futha ukhethe lezozindawana kuphela ungaziyeki ngoba uthi zincane.
- Bheka amasimu anokhula oluyinkinga bese uqala ukulwa nalo.
- Ezindaweni ezimaphakathi nezwe (Midlands) – qala ukufaka umanyolo emasimini akho.

Ngo-Lwezi (November)

- Sika/hlanza imingcele yamasimu namabhande omlilo.
- Ezindaweni ezinokuhlaselwa kakhulu isifo umabalabala (mosaic), ungatshali phakathi kuka Lwezi no Nhlotlanja ngenhloso yokugwema lesisifo.
- Ezindaweni ezimaphakathi nezwe (Midlands) – qapha noma lawula ukhula lwasebusika emobeni we sizini edlule.

Ngo-Zibandlela (December)

- Qhubeka nokubulala ukhula emasimini akho, ikakhulukazi lolo oluyinkinga, wenze isiqiniseko sokuthi makube sekuphuthuliwe ukuhlakula ngaphambi kokufika kwamaholidi amakhulu noma kokuvala kwabasebenzi bakho.
- Ngalesikhathi, kumele ngabe ukutshala kwakho sekuya ngasekupheleni ikakhulukazi ezindaweni ezingenankasa. Gwema ukutshala ngo Masingana, Nhlotlanja nango Ndasas.

IMBEWU



ngu Joe Nkala (SASRI Umeluleki Wezomoba)

- **Ubusulwa bomoba**
 - usuke ungenasifo
 - owangempela futhi umsulwa – mancane kakhulu amathuba okuhlaselwa izifo
- **Izinga lokuqhuma uma utshalile**
 - Imbewu ephilile = iqhuma masinyane
 - Ukhula ungashiyani nokwenza kungabinasidingo sokuvala izikhala kakhulu
 - Ukhula ngokushesha – usheshe wemboze
 - Kwenyuka isivuno kwande namahlumela

UKUHLELA UKUZIKHIQIZELA IMBEWU

Umoba omncane uqhuma masinyane kunomdala

Imbewu kufanele ibe nezinyanga eziphakathi kwe-9 kuya kwi-12 ubudala (isib. uthi ukuba mncane kunomoba ohanjise emshinini)

- Esifundeni esiseNyakatho
 - phakathi kwezinyanga eziyi-8 kuya kwezili-10
- Ezindaweni ezigudle Ugu
 - kusuka ezinyaneni eziyi-9 kuya kwezili-12 months
- Ezimaphakathi
 - kusuka ezinyangeni eziyi-12 kuya kwezili-15
 - ubude bogoqo obungaba izinyawo ezi-3 kuya kwe-4

Okumele ukuqikelele uma uhlela ukuba nenkulisa-mbewu

- Inhlabathi enhle
- Ukuniselwa (ezindaweni eziniselayo)
- Ayabiyelwa
- Awuyiswa emshinini.

KUNGABE USUNAYO OZOTSHALA NGAYO KULONYAKA NANGOLANDELAYO?

Imbewu enhle nehloliwe ngenye yezinto ezibaluleke kakhulu ekuphathweni kwepulazi abalimi abavame ukuyishaya indiva noma ukungayinaki.

- Ukusetshenziswa kwembewu enhle nehloliwe kuthathwa njengengxenywe ebaluleke kakhulu ekuphatheni, nasekuhleleni ipulazi njengoba kuqinisekisa ukuthi umoba omusha uqale ukhule ngokushesha.



INHLOSO YOKUTSHALA

“Umlimi uzikhipha yena enkingeni ngokuthi atshale amasimu kabusha”

- Kumele utshale izingxenywe ezili-10 ekhulwini (10%) wepulazi lilonke njalo ngonyaka
- Ukutshala kwakho kabusha makuncike ekwehleni kwesivuno (ukuba mbalwa kwezingoqo, nezikhala)
- Qikelela ukuthi uba nezinhlobo ezahlukene zomoba (hhayi uhlobo olulodwa)
- Kwazi ukuzihlolela imbewu yakho njengomlimi buka isimo somoba isib. izifo nezinhlobo eziningi ubukhona balezifo bubangelwa ukusetshenziswa kwembewu engekho esimweni esihle).

ABADIDIYELI

Bongi Bhengu, Sifiso Hlela, Joe Nkala & Sagie Doorsamy (Umhleli)

Ikhishwa kathathu ngonyaka; ngoMasingana, uNhlaba nangoMandulo

Imibono nemibuzo: Sifiso Hlela: 031 508 7511
Email sifiso.hlela@sugar.org.za

ITHOLAKA LAPHI IMBEWU YOKWENZA ISIGABA SOKUQALA SEMBEWU (1ST Stage)?

Ngokwemboni kashukela zonke izinkulisa mbewu kumele zilawulwe amakomidi ezinambuzane, izifo nezinhlobo zomoba (LPD&VCC). Ngokubambisana nekomidi ilezi izigaba ezingezansi ekumele uzilandele:


Imbewu ephekiwe



Izithombo



Isigaba sokuqala sembewu



Isigaba sokuqala sembewu



TSHALA NGAWO AMASIMU